Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISETHULO**

UMnyango WeMfundo KwaZulu-Natali ngezwi loMqondisi wakwa FET ngezandla zabeluleki besifundo nothisha abangabalekeleli boLimi lwesiZulu bethula le nsiza kufundisa nokufunda ehlose ukwelekelela ekufukuleni izinga lokuphunyelelwa ngamalengiso kwesiZulu esifundiswa ngaphansi kohlelo luka-CAPS (Tahfuzwe). Leli bhuku liyinsiza edinga ukwesekelwa ngezinye kepha engumhlahlandlela ekufundisweni kwalezi zinto ebezingekho olimini esezifakwe ngokohlelo lwemfundo esekwe emiphumeleni. Lo ngumngenela ohlose ukwelekelela uthisha ezingqinambeni abhekana nazo nsuku zonke ekufundiseni kwakhe.

Abeluleki bayoba abachasisi balokhu njengoba bezobamba izinkuthaza kwenza ezigodini zabo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**GRADE 10**

# IPHEPHA-1

## IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### OKULINDELEKILE

Kuba nesiqeshana esinamagama angama-80 kuya kwayi-100
Imibuzo ihlukaniswe kabili: 5.1 isiqeshana (14 amamaki)
5.2 isithombe (6 amamaki)

Yonke imibuzo ihlola uhlelo nolimi (grammar and language)
Imibuzo ihambisana nesiqeshana
Imibuzo ilandela amazinga obulukhuni bemibuzo yokuhlola
Kufanele kube nombuzo owodwa wokukhetha impendulo (multiple choice) onika izimpendulo ezine okukhethwa kuzo (A-D)
Isithombe kufanele sicace bha
Isithombe kufanele sibhalwe izinombolo uma sihlukaniswe ngamafreyimu amabili (Isithombe soku-1 Isithombe sesi-2)
**QAPHELA-** ukuhlolisisa indlela ulimi olusetshenziswa ngayo (uhlobo lolimi, imizwa, ukuchema, ukucwasa, njl.) **akuhlolwa** kulo mbuzo.

**Isibonelo**:

Fundisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

**KUHLE UKUZIMISELA**

USandile ngumfana oneminyaka engama-22. Ukhuthele **akahlali phansi**. Uthanda ukwelekelela umama wakhe obakhulise kanzima edayisa amasokisi. Esikhundleni sokudla izidakamizwa, wathatha isinqumo sokubamba amatoho. Wakuqala lokhu esemncane ukuze azifundise aphinde alekelele nodadewabo esikoleni. Ngemali abeyithola ubelekelela unina ngokudayisa amasokisi ukuze akwazi ukumphumuza ekusebenzeni. Ipulazini unina ayesebenza kulo lalikude. Waqhubeka wagcina esedayisa izicathulo emgwaqweni. Lokho kwenza aqongelele kakhulu imali yokuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme. USandile wathola

Downloaded from Stanmorephysics.com

umfundaze/ibhasari yokuyofundela iziqu zobudokotela enyuvesi yase-UKZN. Ukuzimisela kwaphumelelisa amaphupho akhe. Ubenephupho lokugcina lokusiza abantu abasha abamnyama abaphuma emindenini ehluphekayo. Waba **undabuzekwayo** emphakathini wakubo ngalokhu okuhle akwenzayo. Kuningi akwenzela umama wakhe ngaphambi kokuthi adlule emhlabeni.

Ngifuna ukuzimisela esikoleni njengoSandile.

1 Guqula lo musho olandelayo ube sebuningini.

Ukhuthele akahlali phansi. (2)

2 Bhala lo musho ube inkathi yamanje eqhubekayo.

Uthanda ukwelekelela unina. (1)

3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

Ibizombaxa elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lakhiwe yiziphi izingcezu zenkulumo?

Waba **undabuzekwayo** emphakathini wakubo.

A ibizo + ibizo

B ibizo + isenzo

C isandiso +ibizo

D isenzo +isenzo (1)

4 Bhala uhlobo lwempambosi (verbal extention) oluqukethwe yilesi sijobelelo esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo.

Ubakhul**isa** ngemali yokuthengisa amasokisi. (1)

5 Bhala le akronimi elandelayo ngokugcwele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UKZN (2)

6 Guqula igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo libe undaweni.

**Ipulazini** unina ayesebenza kulo lalikude. (1)

7 Bhala lo musho uphike/ulandule.

Ngifuna ukuzimisela esikoleni njengoSandile. (2)

8 Bhala isabizwana sokukhomba esifanele emshweni olandelayo.

(a) -------- sitifiketi engisiphethe esobudokotela. (1)


(b) Uyawakhumbula ------- masokisi esasiwadayisa sisebancane? (1)

9 Khipha isiphawulo esitholakala kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Ubenephupho lokugcina lokusiza abantu abasha abamnyama (2)

Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo

**UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**



Downloaded from Stanmorephysics.com

*umbhalo wokuziqambela, izithombe googlepic]*

1 Bhala izinciphiso zamagama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandekayo.

Ngifisa **amehlo** akho abuke okuhle, **umlomo** wakho nawo ukhulume okufanele (2)

2 Bhala amgama amqondophika (opposite) naleli elilandelayo. (1)

(a) ntombazane

(b) uvuka (1)

3 Sebenzisa leli gama emshweni ozakhele wona ukuze kuvele incazelo ehlukile kunale esetshenziswe ngayo. (2)

**isithunzi**

AMAMAKI **[20]**

5.1.1 Abakhuthele√ abahlali√ phansi. (2)

5.1.2 Uyathanda√ ukwelekelela unina. (1)

5.1.3 B√ / ibizo + isenzo√

5.1.4 yokwenzisa√ (1)

5.1.5 University of KwaZulu-Natal √ √ (2)

5.1.6 **epulazini** √ (1)

5.1.7 Angi√`uni√ (2)

5.1.8 (a) lesi√ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

(b) lawaya√ (1)

5.1.9 abasha √`

isibonelo somusho: Abantu abasha baseNanda bayahlonipha √ (2)

5.2.1 Ngifisa amehlwana√ **umlonyana**√ (2)

5.2.2 (a) umfana√ (1)

(b) ulala√ (1)

5.2.3 UMulo ubaleke washiya isithunzi sakhe√√ (2)

AMAMAKI **[20]**

**IPHEPHA-2**

## Amanyal'Enyoka

uPat ( Phathekile Nhlapho) kanye noThiza Thusi ( umhleli wemishado) baqala ukuxabana emva kokuba kwaba khona ukungakhokhelani imali ngokushaya udaka ekuhleleni umshado wabo..uThiza uyifuna ngodli imali yakhe kuPat njengoba emkweleta ngokumhlelela umshado wakhe noSindi Ngema.Imali eyayikweledwa uPat yayiningi kwazise umshado kaPat noSindi wawuyindumezulu yomshado wabantu abaganene bobulili obufanayo. Le ndumezulu yenzeka edolobheni laseMgungundlovu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UPat ungowokuzalwa eFree State unengane eyodwa uLindokuhle ayithola kuMthunzi Mthethwa isoka lakhe elamphika ekhulelwe. Yisona lesi sizathu esenza uPat agcine ngokuthandana nabanye abantu besifazane waze wajoyina nezinhlangano zezitabane eMgungundlovu.uMthunzi ke yena wayebhadla ejele ngecala lokukhwabanisa nokuyilapho uPat waqala khona impilo yakhe entsha yokuba yisitabane ngenxa yokuphoxeka akuthola kubaba wengane yakhe. Wakhetha ukuthandana nabanye abantu besifazane wagcina eseshadile noSindi

uSindi ungowokudabuka eGoli kodwa wagcina esehlala eMgungundlovu ngoba waphoxwa isoka lakhe uTebogo Moloi (Tebza) owayethanda isifazane wasanganiswa uthando olusha waze wathumela abakhongi entombini yakhe entsha.Wahamba kubo ngenxa yamahloni nokusaba abantu wazofunda enyuvesi yaKwaZulu Natali.Yilaphop uSindi akhetha khona ukujoyina izinhlangano zezitabane khona enyuvesi.

UThiza wahluleka ukwenza umsebenzi ngendlela njengoba babevumelene noPat okugcina ngokuthi engayitholi imali yakhe.UThiza usebenzisa imigulukudu yakhe ezenza amaphoyisa kuPat. Ukufika kukaTebza emzini kaPat kushiya imibuzo eminingi besaqeda kushada. Ukusebenzisa isoka likaSindi lakudala ukuphazamisa ubudlelwano bukaPat noSindi.lokhu kuvula umfantu emshadweni wabo.Amaphoyisa akwenza ihlaya ukuganana kwabantu bobulili obufanayo ikakhulukazi abesifazane nokugcina ngokuthi uKaputeni Thula Nyathi azibike kuPat,lokho kwandisa ufa emshadweni wabo.bayaqomana uThula noPat kanti noSindi akazibekile phansi noTebza.Ukutheleka kukaPat emzini wakhe kwaNhlapho uSindi engalindele lutho esazithokozisa nesithandwa sakhe uTebza. Bazithokozisa ngelikhulu iqholo ngoba uKaputeni Thula uthembise ukuthi uzobatshela uma esebuyisa uPat.

Umshado wabo ugcina uyinto engekho ngenxa yokuthi bobabili labashadikazi abathembekile futhi izenzo zabo ziphetha zizimbi kakhulu.

Ukuphuma kukaMthunzi ejele kujika izinto kakhulu ngoba ufuna umama wengane yakhe ukuze bezolungisa izinto. Ufica ukuthi uPat useshadile kodwa wenza amanyala okuthandana nomunye umuntu wesililsa ebe eshadile. Ukuvela kukaLindo nakho kwenza uPat abe ntshalantshala kumkakhe ngoba ezibona ukuthi usephutheni lokungamtsheli ukuthi unengane kwasekuqaleni bengakashadi.

uPat noSindi bayizinyoka emshadweni wabo omunye komunye. Amanyala bawenzayo okufihlelana izinto agcina ngokuqeda umshado wabo. Ngenxa yawo lawa Amanyal'Enyoka umshado wabo uyaphela nya!

uSindi uyeqa kwakhe kwaNhlapho kwaNdongazibomvu uya kaNdongaziyaduma eGawutini nesoka lakhe uTebza.uTebza nokunguye ungqondongqondo ohlela yonke into kusukela ekuboshweni kukaPat ukuze azothola isithandwa sakhe sakhe uSindi

UPat usala dengwane ekhungathekile emva kokushiywa umkakhe okugcina ngokuthi adayise isithabathaba somuzi wakhe kanye nefenisha kanokusho aphindele kwelakubo eFree State ayoqala phansi impilo nendodana yakhe uLindokuhle.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## IZEHLAKALO / IZIGAMEKO

1. UThiza Thusi ufuna imali yakhe ngoshova kuPhathekile Nhlapho (Pat) njengoba emkweleda ngokumhlelela umshado wajhe nesithandwa sakhe uSindi Ngema.
2. UPat wakhetha ukuthandana nabanye abantu besifazane emva kokuphoxeka ekhulelwe ingane yakhe uLindokuhle waphikwa ubaba wayo uMthunzi Mthethwa owagcina eboshiwe ngamacala okukhwabanisa.
3. Ukuhlangana kukaSindi noPat bobabili ababephoxwe ngamasoka abo bagcina ngokushada .uSindi isoka lakhe uTebogo Moloi (Tebza) wasanganiswa uthando olusha waze wathumela abakhongi kusithandwa sakhe.
4. UThiza wahluleka ukwenza umsebenzi ngendlela ababevumelene ngayo noPat okugcina ngokuthi angayitholi imali yakhe.Usebenzisa imigulukudu yakhe engamaphoyisa uKaputeni uThula Thusi (TT), USayitsheni uNjilo /uNjapha ukuze athole imali yakhe.

Downloaded from Stanmorephysics.com

5. Ukufika kukaTebogo emzini kaPat kushiya imibuzo eminingi njengoba besanda kuqeda kushada noSindi.uTebza uphazamisa ubudlelwane emzini wakwaNhlapho nokugcina ngokuthi kube nomfantu emshadweni wabo.
6. Indaba yokukhokhela uThiza iyashabalala bese kufika imigulukudu kaThiza okungamaphoyisa ezobopha uPat ngecala lokulumisa isikhulu saka-SABC ngenja nokukhokhela uThiza. Bakwenza ihlaya ukuganana kwabantu bobulili obufanayo okungabesifazane ababili uPat noSindi. uKaputeni uThula ugcina ezibika kuPat okuphetha ngokuqomana kanti noSindi akazibekile phansi noTebza.
7. Izinkinga zikaPat zimenza agxile ophuzweni oludakayo. Lokhu kubhebhethekisa udweshu ngoba uPat ubulala ibhodlela endlini nokwenza baxabane noSindi agcine esembeke isandla.
8. Umshado wabo ugcina uyinto engekho ngenxa yokuthi bobabili labashadikazi abathembekile emshadweni wabo.
9. Ukuphuma kukaMthunzi ejele kujika izinto kakhulu ngoba ufuna umama wenganeyakhe yena bazolungisa izinto. Ufica ukuthi useshadile kodwa wenza amanyala okuthandana nomunye umuntu wesilisa ebe eshadile.Ukuvela kukaLindokuhle nakho kwenza uPat abe ntshalantshala kumkakhe azibone esephutheni ngokungavezi ukuthi unengane kwasekuqaleni.
10. uPat noSindi bayizinyoka emshadweni wabo ngoba bobabili bashadile kodwa banabantu abathandana nabo emaceleni. Bobabili bafihlelene ienzo ezimbi abazenzayo ezingamanyala.
11. Ukutheleka kukaPat emzini wakhe kaNhlapho uSindi engalindele lutho esazithokozisa nesithandwa sakhe uTebza. Bazithokozisa ngelikhulu iqholo ngoba uKaputeni uthembise ukuthi uzobatshela uma esebuyisa uPat.
12. uSindi uyeqa kwakhe kwaNhlapho kwaNdongazibomvu uya kwaNdongaziyaduma eGawutini nesoka lakhe uTebza.
13. uPat usala dengwane ekhungathekile ngalesi senzo okugcina ngokuthi adayise isithabathaba somuzi wakhe kanye nefenisha kanokusho aphindele kwelakubo eFree State ayoqala phansi impilo nendodana yakhe uLindokuhle.

**ISIQEPHU A : INOVELI AMANYAL'ENYOKA (MANDLA NDLOVU)**
**UMBUZO 1**

**ISIQESHANA A**

Fundisisa lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

| |
|---|
| " Wabuza into uyazi? NgingaMthunzi Mthethwa," esho ngelinenkani umfokaNyambose.<br><br>"Nx!" wanxapha kakhulu uSindi wabe eselunika uPat ucingo.<br><br>Wafunda kwezakhe uPat ukuthi kuyaxatshanwa lapha.UPat wakhetha ukungambuzi uSindi ukuthi ngubani loyo owayesocingweni. Wayemazi kahle owakwakhe ukuthi uma nje eke wanxapha usuke esecikeke ngempela. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

" Sawubona uPat," walalelisisa ukuthi konje ngubani ozokhuluma.

" Ya Pat, ngicela ungikhuzele leyo ntombazane . Ngicela uyitshele ukuthi mina ngingubani. Uyitshelisise ukuthi akukhulunywa nami noma yikanjani,"UMthunzi ekhuluma engasazihluphangangokuzithula ukuthi ungubani.

"Konje mina ngikhuluma nobani ?" uPat ezenza ongezwa kanti usezwe kahle kodwa usenzela ukuzenza muhle kuSindi.

" Yebo ngingakusiza ngani?" eshaya ngezinqamulelayo uPat.

"Kahleni bo bakithi! Sthandwa sami wangibuza umbuzo oxakayo nje? Ungangisiza ngothando lwakho engilomele kabi kabi,"uMthunzi ethuswa yimibuzo kaPat eyenza azibone engamukelekile.

"Lalela-ke Mthunzi: ngicela ungaphinde ungikhulumele loyo msangano. Mina sengaqhubeka nempilo yami ngashada. Ngakho ngicela usize nje ungaphinde ufone lapha kwami ulokhu ungikhulumela lo mbhedo wakho," esho ngephimbo eligcwele ukuzithemba.

1. Ubani owashaya ucingo emzini kaPat ? (1)
2. Yambiza ngani uSindi indoda ayekhuluma nayo ocingweni (1)
3. UPat nendoda ayekhuluma nayo ocingweni bahlobene kanjani ? (2)

4. Tomula amazwi / amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi yayimcika uSindi inkulumo yalo muntu owayeshaye ucingo. (2)

5. Yini le umlisa okhuluma noPat ethi uyomele. (1)

6. Bala izinto **EZINTATHU** uKaputeni athi uzikweledwa uPat. (3)

7. uThula kule noveli uvezwe njengomlingiswa ongawulandeli umthetho. Sekela lokhu ngokubhekisa ezigamekweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu **AMABILI** (2)

8. Ukuba khona kukaTebogo kule noveli kulikhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu **AMABILI.** (2)
9. Kwaba namuphi umthelela empilweni kaPat ukushiywa uSindi eqe noTebza? (2)

10. Chaza kafushane amanyal'enyoka ayenziwa uPat noSindi okwakukhombisa uqhekeko kumshado wabo. (4)

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQESHANA B**

"Wathi eqeda nje ukusiminya isitifu sakhe kwakukhala ihuthi emgwaqeni eduze kwekhonteyina yezingcingo. Wathi jeqe wambona uSindi eqhoqhobele ingangamela yemoto eyamthusa iNissan Navara. Wafaka izidlo zakhe kucwazi wakhuphukela kuyona imoto washo phakathi. Yayisuka njalo yakhala amaphepha. Ngomzuzwana nje yabe isingaphakathi emzini kaPat oyisithabathaba.

Yavalelwa egalaji imoto. Bathi beqamba bephuma abangaphakathi kuyo base bangane kaningana. Badlulela ngaphakathi endlini bexhagene okwezingane ezincane ezithandanayo ziqabuka ukuthola ithuba lokuba ndawonye kade zazilifisa.

Endlini yokuphumula kwaba yiso leso. Engqondweni kaSindi yathi pheze indaba yokuboshwa kukaPat ayesafuna ukuyiphenyisisa kuTebza. Kwagomoshelwana kwaze kwaba yiyo leyo ndaba. Isiphetho salokho kwaba yikho lokho okwakufiswa yibo bobabili. Ezingqondweni zabo kwabusa ukuthi baqhubeka lapho begcine khona ebusuku bangayizolo.

Bavuleka amehlo emva kwalokho,ukuthi angeke udlale ithenisi enkundleni yokudlala igalofu. Kwasukunywa lapho kubanjenwe kanjalo baze bayongena tshobe egunjini lokulala likaPat.

Esinye isandla sikaTebza sasigodle utshwala bakhe obase bufakwe ethileyini. Esinye sogodle uSindi kwamancane. Bafike bazithela embhedeni kanokusho,uTebza ayeqala ukuwuthinta ngezandla zakhe njengoba wayesaba ngisho ukuwuthinta esitolo lapho udayisa khona,ngenxa yobuhle nokubiza kwawo.

11.Hlobo luni lwemoto eyayishayelwa uSindi ngenkathi ezolanda uTebza? (1)

12.Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile **yakhala amaphepha** **(1)**

13.Qondanisa iKholomu A nezimpendulo ezikuKholomu B:

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 13.1 UThiza | A.isinqandamathe sikaThiza |
| 13.2 uLindokuhle | B.Ngema |

Downloaded from Stanmorephysics.com

| | |
|---|---|
| 13.3 uZinhle | C.uKaputeni |
| 13.4 uThula | D.umhleli wemishado |
| 13.5 uSindi | E.indodana kaMthunzi |

(1x5)

14.Ngokucabanga kwakho ngabe ukuganana kwabantu bobulili obufanayo kuyayixazulula yini inkinga kaPat njengoba ayegilwe uyise wengane yakhe. Phawula ngamaphuzu AMABILI ubhekise kuPat noSindi. (4)

15.Xoxa kafushane ngomyalezo walendaba kanye nendikimba usekele ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

16.Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uTebza wabamba uSindi okhalweni. (2)

**[35]**

Ibanga -10 INDABA EMFUSHANE

UMBUZO 1: ***AMANGA ABANTU-NAKANJANI SIBIYA***

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA A**

"Awungiphuthume ngenkomishi yetiye Khabazela," ecela ngelinomunyu.

"Ubala lolo Zakos," kusho uMaMkhize ehleka engaboni ukuthi akuhambi

Kahle kuMazakwe. Phela bayezwana kakhulu, lokhu kwesabana okuvame kumqashi nomuntu osebenzayo. Agqigqizele-ke ebeka amanzi, ekhipha nenkomishi kaMaZakwe enkulu akhonze ukuphuza ngayo itiye.

"Ngilenze namakoni noma namasemishi Zakos? Ememeza ngale ekhishini.

"Ungazihluphi ntombazane, letha itiye kuphela. Ngeke akwazi ukungena lawo

Downloaded from Stanmorephysics.com

makoni. Ngidinga itiye ukuze ngipholise i..."

Akabange esaqedela ukuthi ufuna ukupholisa leli khanda eselizimuke ngomzuzwana nje. Nangu phela uXolani esemlandela wazongena endlini. Nakhona endlini ungene wayenda wacishe wakhutshwa yisihlalo. Umile manje, ubambelele ngaso isihlalo esicishe samqumba phansi. **Usemhlohloza** ngomunye umbuzo.

" Ngithe ngitshele igama likababa ongizalayo," ebuza eyenda, eshaywa yinkwici.

"Awukahle Xolani. Yini ngempela kwenzenjani? Ebuza emangele.

" Ngeke ngikuthole ukuphumula ngingamazi ubaba. Khuluma iqiniso okomuntu efa. Elamanqamu namu…" kubhilite inkwici futhi, abindeke. Sengathi usuke wazimelela kakhulu esihlalweni abencike kuso, nasi sesigenuka, naye esilandele eyoshaya ngesiphundu phansi. Ukuba isimo asishubile ngabe uyahleka uMaZwake. Azame ukuvuka uXolani, kwale agcine ngakho ukuguqa ngamadolo.

1.1 Ubani lo Khabazela okhuluma noMaZakwe esiqeshini esingenhla? (1)

1.2 Bamubiza ngaliphi igama uMaZwake uma bemuteketisa? (1)

1.3 Kungani uXolani elwa nomama wakhe? (2)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **Usemhlohloloza** ngomunye umbuzo sisho ukuthi:

(a) Esembuza kahle.
(b) Embuza ngokumuncenga.
(c) Esembuza kabi.
(d) Embuza ephindelela. (1)

1.5 Ubani unkosikazi waXolani? (1)

1.6 Ubani umlingiswa osemuqoka kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

1.7 Hlaziya le ndaba emfishane ubheke lokhu okulandelayo:

1.7.1 Isimo senhlalo. (2)

1.7.2 Udweshu lwangaphandle. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Ngabe okwenzeka endabeni kuyahambisana nesihloko sale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

1.9 Ithini indikimba yale ndaba ? (2)

1.10 Ukube wawunikwe ithuba lokweluleka uXolani wawungathini kuye mayelana nesimo ayebhekene naso? Bhala amaphuzu amathathu. (3)

[19]

**IZIMPENDULO:**

1.1 Isisebenzi sakwaKheswa. (1)

1.2 UZakos. (1)

1.3 Ulwa nomama wakhe ngoba utshelwa abantu ukuthi unina uMaZakwe wamthola ngaphandle, akayena owakwaKheswa yena. (2)

1.4 C- Esembuza kabi. (1)

1.5 UMaSikhakhane. (1)

1.6 UXolani.

- Uvela kakhulu endabeni.
- Izigameko ezithinta yena zikhulisa indaba.
- Unodweshu olubhekene naye ngqo. (iphuzu elilodwa kulawa) (2)

1.7.1 Isimo senhlalo asikho sihle:

Ukuthula akukho phakathi kwaXolani noMaZakwe, uXolani ulwa nonina ngoba ezwe kuthiwa akazalwa uKheswa. (2)

1.7.2 UXolani ulwa nomama wakhe ufuna ukwazi ubaba wakhe wangempela ngenkani. (2)

1.8 Kuyahambisana. Abantu baqambela uXolani amanga bathi akazalwa nguKheswa. (2)

1.9 Akubuyiseli ukukholwa ngamanga ungenabufakazi. (2)

1.10 Akusiye wonke umuntu okufisela okuhle ungahambi ukholwa konke okuzwayo.

Yiba nobufakazi ngaphambi kokuthi uthathe isinqum

Noma isimo sinjani umzali kumele uhlezi umkhombisa inhlonipho.

(nokunye okunembayo) (3)

[19]

Downloaded from Stanmorephysics.com

indlela noma indawo ethile okumele aye kuyo. Kungaba indlela eya emzini thizeni, emsebenzini, esikoleni, eposini, esikhumulweni sezindiza, njalonjalo.

Ukuze ukulayela nokulayelwa kube lula, kumele:

1. Usebenzise kakhulu indlela ephoqayo.
2. Usebenzise imisho ecacile nephoqayo.
3. Usebenzise uhlelo olukhomba ukulandelana kwezinto.
4. Uveze ubude bebanga.
5. Unikeze ulwazi ngezimpawu ezigqamile ezitholakala endleleni.

Isibonela senkombandlela:

Inkombandlela Eya kwaSabelo Zulu

Uma usuka lapha esimi khona,

- Uzojikela esandleni sokudla.
- Ulandele lowo mgwaqo njalo.
- Uma ufika empambanamgwaqo uzobe swujikela esandleni sobunxele.
- Uzohamba njalo ngalowo mgwaqo.
- Uzokwedlula indlu yesonto, iWeseli uhambe njalo ngalowo mgwaqo.
- Uzobe sewubona igaraji lakwaShell ngasesandleni sobunxele.
- Uma ufika egaraji uzojikela kwesobunxele isandla.
- Uma uqeda kujika uzobona inkulisa (yabantwana ) ebiyelwe ngofensi.
- Lapho uqeda kujika ukwedlula isakhiwo leso uzojikela kwesokudla.
- Uzobe sewubona umuzi omkhulu onombhalo othi " NXA NGIPHILILE" esangweni
- Kukhona-ke lapho kwaSabelo Zulu.


Umsebenzi wabafundi :

Umbhalo wakho kumele uhambisane nohlaka lwakhona, umbhalo wakho kumele ube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80 ubude.

INKOMBANDLELA

Bheka le nkombandlela elandelayo bese ubhala indlela ibhasi elizohamba ngayo lisuka eZitendeni Township lize lifike eThola High School ngokulandela imicibisholo.

Downloaded from Stanmorephysics.com




(www.googlepictures.com)

**OKULINDELEKILE:**

Lisuka eZitendeni Township lingene emgwaqweni uPhumula Rd.

- Esandleni sesinxele kukhona iSikhona Mall.
- Esiyingini somgwaqo lizohamba liqonde kuHamba Rd.

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Esandleni sesinxele kukhona i-Esethu Stadium, kwesokudla kukhona ihhotela.
- Lizofika emgwaqweni ongu-T, lijike esandleni sesinxele bese lingena ku Imalentsha Rd.
- Lizojika ngakwesokudla lingene kuKhalipha.
- Esandleni sokudla kukhona irenki yamatekisi iSiyavaya.
- Esandleni sokunxele kukhona kwaDudu Shisa Nyama kanye nesiphaza.
- Lizokhuphuka lize lidlule phakathi kweLihle Park kanye ne-Engen Garage.
- Umgwaqo kuzoba sengathi uyaphambana.
- Lizongena kuPhasa Rd, isikole sizoba sesandleni sokudla.
- Lizobe selifikile eThola High School.
- Amagama awabe inani elifanele.

**UMSEBENZI-1**

**IKHADI LESIMEMO**

**Amanothi:**

Ikhadi lesimemo ngumbhalo obhalwa ekhadini ngenhloso yokumema umuntu/abantu emcimbini ehlukene. Imicimbi okuvamise ukuba kusetshenziswe ikhadi lesimemo kungaba; umshado, usuku lokuzalwa, ukuvula umuzi, ukuthweswa kweziqu, njl. Ungasebenzisa amasu obuciko ahlukene ukuze lihehe. Okubalulekile kithina njengabafundi ukuthi uma sibhala ikhadi lesimemo sifundisise umyalelo/umbuzo mayelana nekhadi okufanele silibhale.

**QAPHELA:** Uma umbuzo/umyalelo uthi bhala ikhadi lesimemo kufanele ubhale lona kuphela

**KODWA**

Uma umbuzo/umyalelo uthi bhala ikhadi lesimemo kanye nempendulo kufanele ukubhale kokubili.

**OKULINDELEKILE:**

Downloaded from Stanmorephysics.com

- Alihambisane nohlobo lwesimemo
- Ubhala njengomuntu wesithathu
- Kuyancomeka ukuba libe sebhokisini
- Akuvele ngokucacile igama lomemayo nomenywayo
- Sebenzisa imishwana enolimi olwejwayelekile
- Usuku
- Isikhathi
- Indawo
- Eminye imininingwane ongayibhala (ayiphoqelekile):
  - uhlobo lwengqephu/indlela yokugqoka
  - umbala wosuku
  - okuphathwayo
  - Igama nenamba yomuntu okuphendulwa kuyena uma kunesidingo.

Amagama awabe inani elifanele (60-80 amagama)

Isibonelo soku-1:

Abazali bakho bazokwenzela umcimbi wokugubha usuku lokuzalwa njengoba uzobe uhlanganisa iminyaka eyi-16.

Bhala **ikhadi lesimemo** ozomema ngalo bonke ofuna beze emcimbini wakho.



**USUKU LOKUZALWA OLUHLE**  ← Uhlobo lomcimbi

ULindokuhle Ayanda Sithole ← Igama lomemayo

Uyakumema emcimbini wokugubha usuku lwakhe lokuzalwa lweminyaka eyi-16

Usuku: 12 Meyi 2025, uMgqibelo

Isikhathi: ihora lesi-6 ebusuku/ 6 ebusuku

Indawo: Enyangeni Hotel, 13 Umhlanga Drive, Durban

} Usuku,isikhathi nendawo

Downloaded from Stanmorephysics.com

Umbala wosuku/indlela yokugqoka:

Okumnyama nokuyigolide kwasebusuku

Awuvunyelwe ukuza nomuntu ongamenyiwe

Izipho zamukelekile

Iziphuzo ezidakayo azivumelekile

Impendulo: Thalente 083 876 7667

> imininingwane ongathanda ukuyifaka ukuze ikhadi lakho lihehe

> Qaphela ukuthi lo ngumuntu okungaxhunyanwa naye ngocingo uma omenyiwe efuna ulwazi oluthile.

**Isibonelo sesi-2**:

Udadewenu uzobe eshada ekupheleni kwengenya ezayo. Ucele ukuba umbhalele ikhadi lesimemo elihambisana nempendulo azolisebenzisa ukumema ngalo abantu.

Bhala **ikhadi lesimemo kanye nempendulo**.



Umndeni wakwaNgema nowakwaNhlapho



Downloaded from Stanmorephysics.com


uyakumema emshadweni wabantwana babo

*amagama abamemayo nohlobo lomcimbi*

uSindi Thofolux Ngema
no
Bhekani Stini Nhlapho

*amagama alabo abashadayo*

Usuku: 2 Juni 2025, uLwesihlanu
Isikhathi: ihora le-10 ekuseni/ 10 ekuseni
Indawo: 23 Geld Road, Botanic Hall, Cape Town

*Usuku,isikhathi nendawo*

Ingqephu: Imvunulo yesiNtu
Uyazihlelela indlela yokuza emshadweni
Azivunyelwe izingane ezincane
Akuvumelekile ukuthatha izithombe ngamaselula
Iziphuzo ziyakhokhelwa
Umcimbi wasebusuku: Qgoka ngendlela ekhululekile ufake

*imininingwane ongathanda ukuyifaka ehambisana nohlobo lomcimbi ukuze ikhadi lakho lihehe*

Impendulo: Malcom 065 868 5478
Usuku lokugcina lokuthunyelwa kwempendulo
umhla ziyi-10 Meyi 2025

*Qaphela impendulo yalesi simemo iphoqelekile njengokomyalelo*

Izibonelo zezimpendulo:

Okulindelekile:

- Impendulo inolimi oluhloniphayo
- Makuvele uhlobo lomcimbi nosuku
- Makuvele ukuthi ubani obhala impendulo
- Makuvele ukuthi uzophumelela noma angeke uphumelele emcimbini omenywe kuwo
- Kuyancomeka ukuba uveze isizathu uma ungeke uphumelele

Isibonelo soku-1 (Ozophumelela)

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ngiyabonga ngesimemo somshado wendodakazi/wendodana yakho ozoba ngomhla zi-2 Juni 2025.

Ngibheke ngabomvu ukuba ngomunye wofakazi bokuboshwa kwaleli findo.

Ngiyabonga

Nkk. Zanele Faku

Isibonelo sesi-2 (Ongaphumeleli)

Ngiyabonga ngesimemo somshado wendodakazi/wendodana yakho ozoba ngomhla zi-2 Juni 2025.

Ngiyaxolisa kakhulu angeke ngikwazi ukuba yingxenye yalo mcimbi./ Ngiyaxolisa kakhulu angeke ngikwazi ukuba yingxenye yalo mcimbi ngenxa yokuthi nginohambo okade ngaluhlela ngosuku olufanayo nolwalesi simemo. Ngizothumela isipho ngaphambi kosuku lomshado. Ongathi konke kungahamba kahle.

Ngiyabonga

Dkt. BS Dlamini

**UMYALEZO OMFISHANE/UNYAZI** (SMS)

Amanothi:

Umyalezo omfishane/unyazi (SMS) ungeminye yemibhalo ethunyelwa ngokusebenzisa umakhalekhukhwini.

Okulindelekile:

Downloaded from Stanmorephysics.com 

- Isakhiwo sihambisana nohlobo lombhalo
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile kepha olunomqondo ozwakalayo
- Izimpawu zisetshenziswa ngendlela ehambisana nabathumelelana umyalezo
- Amanye amagama angabhalwa ngokufingqiwe kulandelwe imithetho yokufinqa
- Kufanele kuvele ukuthi ubani othumele umyalezo, isikhathi nosuku
- Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini/iselula
- Ama-emoji angabhalwa noma adwetshwe
- Amagama kumele abe inani elifanele

**QAPHELA** ⟹ Kufanele ulandele umyalelo/umbuzo. Okubalulekile ukuthi uma ubhala impendulo usebenzise ubuciko ukuze amagama alandele uhlobo lombhalo. Khumbul akubhalwa inkulumo-mpendulwano.

Isibonelo:

Umngani wakho uKevin ukuthumele lo myalezo olandelayo izolo ebusuku.

Bhala **impendulo yomyalezo omfishane**.

Downloaded from Stanmorephysics.com 

**UMSEBENZI-2**

**[35]**

**GRADE 11**

## IPHEPHA-1

## IPHEPHA-2

| INDABA EMFUSHANE | |
|---|---|
| Indaba emfushane uhlobo lo mbhalo oyiphrozi olufishane kune Noveli Umbhali ubhala ngesigameko esisodwa noma isimo esithile esehlakele ngesikhathi esifushane . Le ndaba iba nabalingiswa abambalwa ngenxa yokuthi kufanele iqoqeke.<br><br>**Isihloko**<br><br>Umbhali ukhetha isihloko esihambisana nengqikithi yendaba , kwesinye isikhathi bakhethe ukuqamba isihloko esihambisana nesiphetho esinengwijikhwebu.<br><br>**Isingeniso / isethulo**<br><br>Isingeniso / isethulo sendlalela indaba . esingenisweni sethulelwa umlingiswa osemqoka , inkinga abhekene nayo( isisusa sodweshu) kanye nesizinda (indawo lapho kwenzeka khona indaba) | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Umzimba**

Sithola ukukhula kwezigameko lapho inkinga ebeyethulwe esingenisweni/ esethulweni iya ngokuya ishuba.

**Udweshu**

Ukungaboni ngasolinye noma ukungahambisani ngokwemngqondo. Lokhu kudala ukungqubuzana esikubiza ngokuthi udweshu.

**Udweshu lwangaphakathi.**

Ukungqubuzana kwemicabango kumlingiswa okwenzeka ngaphakathi kuyena . simthola ezibuza eziphendula.

**Udweshu lwangaphandle**

Siluthola kubalingiswa ababili noma ngaphezulu beqophisana ngamazwi.

**Ukubikezela**

Umxoxi usinika imininingwane engenza sisole / sazi ukuthi kungase kwenzekeni endabeni.

**Ukujeqeza umumva**

Umbhali ubuyisa izigameko ezenzeka esikhathini esedlule.

**Uheho**

Lokhu kusho izimo ezivela endabeni ezenza sibe nexhala lokwazi ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka endabeni.

**Abalingiswa**

Indaba emfushane ebhaleke kahle inabalingiswa abangeqile kwabayisihlanu.

Kumele babe ba-5 noma isi-8.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Ukuvezwa kwabalingiswa**

Lapha sibheka ubunjalo babalingiswa,lokhu kuvezwa indlela abaziphatha ngayo, abenza ngayo, indlela akhuluma ngayo nabanye, umbhali wendaba angamchaza yena baphinde bachazwe ngabanye abalingiswa.

**Izinhlobo zabalingiswa**

Umlingiswa ngamunye kufane abambe iqhaza ekukhuliseni indaba.

**Umlingiswa omkhulu/ osemqoka / oqavile**

Indaba yonke imayelana naye

Simthola ekuqaleni (esingenisweni ) kuze kube sesiphethweni.

Udweshu lusuka ngaye.

Bonke abalingiswa bavela ngaye.

**Umlingiswa oyindilinga**

Umlingiswa oguquguqukayo, ingaqala indaba enenhiziyo embi , ithi iyophela ebe eseshintshile esenhliziyo enhle.

**Umlingiswa oyisicaba**

Lona umlingiswa ongaguquki, uma esyisigebengu uba yiso indaba ize iyophela.

**Umsebenzi womlandi**

Indaba iba nomlandi noma umxoxi okunguyena osixoxela ngezigameko ezenzeka endabeni. Ubumnandi bendaba buncike kakhulu ekhonweni lomlandi lokusithatha esibeke ngamehlo engqondo kube sengathi axoxa ngakho kwenzeka phambi kwethu.

**Kunezinhlobo ezimbili zabalandi endabeni emfushane :**

**Umlandi ongumuntu wokuqala**

Lapha indaba isuke ixoxwa ngumlingiswa omkhulu endabeni . ubuhle balo mlandi ukuthi izigameko ziyaphila , zikholakala kangcono ngoba zisuke

Downloaded from Stanmorephysics.com 

| | |
|---|---|
| zixoxwa umnínindaba<br><br>**Umlandi ongumuntu wesithathu**<br><br>Lo mlandi akabambi iqhaza ezigamekweni ezenzeka endabeni kodwa unamehlo abona konke okwenzeka kubalingiswa , ngisho nemidlinzo, imicabango namaphupho abo imbala.<br><br>**Indikimba**<br><br>Ingumongo wendaba. Ikhishwa ibe igama elilodwa noma ibinzana lamagama.<br><br>**Umyalezo**<br><br>Ilokhu umbhali afuna ukusidlulisela khona ngemuva kokufunda indaba<br><br>**Isizinda (indawo, inkathi, isimo senhlalo)**<br><br>**Indawo**<br><br>Sibheka ukuthi indaba yenzeka kuyiphi indawo, eyasemakhaya noma eyasemadolobheni. Indaba emfushane kumele yenzeke endaweni eyodwa noma ezimbili ukuze iqoqeke.<br><br>**Isikhathi/ inkathi**<br><br>Lana sibheka ukuthi indaba yenzeka esikhathini sanini/ indaba ingenzeka esikhathini samanje noma saseMandulo. Ngesikhathi esithile sosuku, kumbe sonyaka/ senyanga. Kumele indaba yenzeke esikhathini esisodwa esifushane esingaba usuku olulodwa noma izinsuku ezimbalwa.<br><br>**Isimo senhlalo** | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| Isimo indaba eyenzeka ngaphansi kwaso, esinjengokwentuleka , ubandlululo noma udlame. Isimo kungabuye kube indlela abalingiswa abahlalisene ngayo.<br><br>**Umoya wendaba**<br><br>Umbhali usuke efuna ukusithinta umoya kanye nezingqondo uma esibhalela indaba . Ukhetha amagama anembayo ashubisa umoya endabeni kokunye angasebenzisa ngisho isimo sezulu.<br><br>**Uvuthondaba**<br><br>Izigameko ebezilokhu zikhula zigcina zikhuphuke njalo zaze zayofika esicongweni. Lesi sigameko esikhulu kunazo zonke ezikhona endabeni. Sithi uma senzeka kuphenduleke imibuzo ebesinayo. Kuvela amaqiniso ebekade eyimfihlo.<br><br>**Upholavuthondaba**<br><br>Lokhu kusho ukuvela komphumela odumazayo umva kokwenyuka kwamaphaphu ngenxa yesigameko esikhulu esikuvuthondaba . lesi sigameko esincane esiholela esiphethweni.<br><br>**Isiphetho**<br><br>**Isiphetho esivulekile** : lapha umbhali usishiya nemibuzo okufanele siziphendule thina mayelana nokuthi isigameko siphethe kanjani.<br><br>**Isiphetho esivalekile** : lesi siphetho sishiya siyiphendule yonke imibuzo kungabibikho ukudideka.<br><br>**Isiphetho esiyingwijikhwebu** : lapha indaba iphetha ngokuthi kuvele ebesingakulindela nhlobo sisale sibambe ongezansi.<br><br>**UVALO**<br><br>**IZIGAMEKO/IZEHLAKALO** | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| • Ukusukuma kukaNdumiso eya embhojeni eyohaya inkondlo.<br>• Uqeda ukuhaya inkondlo yakhe esihloko sithi uValo : wonke umuntu uthathekile.<br>• uMphathi wohlelo naye akawuvali umlomo ngalomcimbi athi uvukuze izimbongi ebezikade zicashile.<br>• Kuphela umcimbi bayaphuma eHholo,uNdumiso ucela ukukhuluma noLungile ucela ukumbona ntambama uthi kunodaba afuna baluxoxe.<br>• uHlengiwe uphatheka kabi ecabange ukuthi bafuna ukuhleba ngaye.<br>• ULungile ubuyela kumngani wakhe uHlengiwe uyamxoxela ngenjabulo ukuthi uthi uNdumiso ufuna ukumbona<br>• Bahlukana uLungile nabangani bakhe waya endlini yakhe .<br>• ULungile angene ebhavinieyogeza bese eyaziphophotha<br>• Agqoke ihembe lakhe nebhulukwe lakhe alikhonzile angaligqokagqoki.<br>• Kube khona ukungqongqoza emyanyango acabange ukuthi sekuNdumiso.<br>• Ukufika kukaNtobeko ephafuza ugwayi.<br>• uNtobeko uncoma uLungile ukuthi ugqoke kahle angakujabuleli lokho uLungile ngoba ube lindele uNdumiso.<br>• ULungile utshela uNdumiso ukuthi akasamfuni usekhathele nguye.<br>• uLungile alungise endlini afuthe nangeziqholo ezimnandi, adlale nomculo opholile.<br>• Ngehora lesikhombisa afike uNdumiso njengesethembiso.<br>• uLungile enzele uNdumiso isiphuzo namakhekhe bahlale baxoxe.<br>• uNdumiso aluqale udaba ezengalo lokuthi yena uthanda uHlengiwe | |
| **Umbuzo : UVALO – N.G Sibiya**<br><br>**Funda lesi siqeshana esingezansi (u-A no -B ) bese uphendula imibuzo ezolandela.**<br><br>**Isiqephu A**<br><br>Wo ,kukhale elikhulu ihlombe ngenkathi esehlala phansi uNdumiso. Wonke umuntu kungathi usangene njengami. Sonke simangele. Ikakhulukazi ngoba lapha eNyuvesithi besingazi nokuthi uyimbongi uNdumiso. Ingasaphathwa-ke eyokuthi kanti unaso nesibindi sokuma phambi kwezihlwele zabafundi abangaka afunde inkondlo eshiye wonke umuntu esangene.Nomphathi wohlelo **akawuvali umlomo.** Ugcizelela khona ukuthi lo mcimbi wanamuhla usizile ngokuthi kumbululeke amakhono amaningi abengaziwa nezimbongi eziningi ebezicashe nomsebenzi ohlabahlosile. Njengo Ndumiso nje.<br><br>Cha,uze uphele-ke umcimbi. Uphela nje kangisezwa lutho mina. Ingqondo yami iside izicabangela uNdumiso nje. Iyangixaka impela nayo le ndaba yami yokushaywa uvalo oluncane uma ngimbona noma ngimcabanga. Kuphunywe- ke lapha ehholo.Sekufanele sibheke lapho esihlala khona noHlengiwe nabanye abafundi lapha eNyuvesi. Sekuthi uma sesisemnyango sibone eseza ngakithina uNdumiso.Afike abingelele ngamahlonyana njengokujwayelekile . Amehlo akhe anokunamathela ngakimi nokho. Lungithi thwansu futhi lolo vadlwana. Ngizwe sengathi ngiphelelwa ngumoya. Hhayi, kuyaqala ukungenza lokhu. Bese engicela uxolo uNdumiso . Athi | |

Downloaded from Stanmorephysics.com 

ukumoyizela kancane. "Eyi, uxolo Hlengiwe, ngisacela ukuhleba kancane noLungile, "esho ethi ukuhloma ikhanda phansi. Angithi jeqe uHlengiwe, ahleke kakhulu. Hhayi, kakukho nkinga Ndumiso. Kasethembe nokho ukuthi kanizikuhleba ngami" angibuke kancane futhi uHlengiwe.Kangingabazi ukuthi uzobuya esekuthelele ngogqozi uNdumiso.

1.1 Ngubani umxoxi ngokwalesi siqeshana

1.2 Yini eyayenza ukuthi kukhale elikhulu ihlombe ngenkathi uNdumiso esehlala phansi

1.3 Shono OKUBILI okwamangaza wonke umuntu ngemva kokubona uNdumiso ehaya inkondlo.

1.4 Tomula amazwi asesiqeshini aveza ukuthi kulo mcimbi kwenzeka okwakungajwayelekile ukwenzeka kweminye imicimbi.

1.5 Bhala izinto **EZIMBILI** ezazenzeka kuLungile uma ecabanga ngoNdumiso.

1.6 Fingqa kafushane isigameko esenzeka ngenkathi sekuphele umcimbi sekuphunywa ehholo emnyango.

1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo

Isimo sokukhuluma esithi **: Akungawuvali umlomo** , ngokwalesi siqeshana sisho……..

A Ukukhuluma njalo.

(1)

B. Ukuxwayisa.

C. Ukumangala.

D. Ukukhala.

(1)

1.8 Phawula ngodweshu lwangaphakathi olutholakala kulesi siqeshana

1.9 Qondanisa IKHOLOMU A ne KHOLOMU B

(2)

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 1.9.1 ULungile | A. Umbhali nomhayi wezinkondlo. |
| 1.9.2 UHlengiwe | B. Isoka likaHlengiwe. |
| 1.9.3 UNdumiso | C.Umngani kaLungile. |
| 1.9.4 UNtobeko | D. Umngani kaHlengiwe. |

(2)

(2)

1.10 Phawula ngesiphetho sale ndaba emfushane

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| | (2) |
| KANYE | |
| **ISIQESHANA B** | |
| Ngifike ngiyiphahlaze ke indaba kuHlengiwe. | |
| Uyeza phela uNdumiso kusihlwa . | |
| Nansi indaba ikhula ngomzuzwana nje! Uze Kuwena ? ebuza ehleka. | |
| Yebo , uthi kunodaba afisa siluxoxe. | |
| Hhawu, waze wahlabana mngani wami, esho engipansa ehleka kakhulu. | |
| Ngihlabene ngani manje Hlengiwe? Ngibuza ngihlekahleka. | (2) |
| Hha kuyacaca phela ukuthi ufuna ukushela uNdumiso. | |
| Nami ngisola kanjalo. Osekungihlupha yilo nje lolu uvalo olulokhu lungishaya. | |
| He, usekuthelele ngempela .Kangithi naye enkondlweni yakhe ubelokhu ekhala ngovalo? Ahleke kakhulu futhi uHlengiwe. | (2) |
| Ave unehaba . Sengingaba imbongi ngelanga nje? | |
| "Kungavimbani?" Ahleke kakhulu futhi uHlengiwe. Abuye aswace angibuke ngokukhathazeka. | |
| " Uzokwenzenjani ngoNtobeko?" | |
| " Kawungiyeke ngaleso sidakwa!" Ngisho ngize nginxaphe. | |
| Bese kungena uZandile. Ngumngani wethu esifunda naye lapha eNyuvesi. Sihlala naye lapha. | (4) |
| " He dade , oLungile sebehamba nezimbongi. Ngikubonile phela dade ushaya kancane noNdumiso. | |
| Uthole iJackpot phela uLungile, kwenanela uHlengiwe. | |
| "Musani ukudlala ngami nina. Umuntu angakaze asho lutho? | (2) |
| 1.11 Kungani uHlengiwe esho la mazwi alandelayo kuLungile ?<br>" Nansi indaba ikhula ngomzuzwana nje" Uze kuwena. | |
| 1.12 Ngubani umlingiswa omkhulu kule ndaba emfushane? Sekela impendulo | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


yakho

1.13 UHlengiwe ungumlingiswa oyindilinga kule ndaba. Sekela impendulo yakho

1.14 Hlaziya isizinda sale ndaba . **Uvalo** ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala ngamaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

1.14.1 Indawo.

1.14.2 Isikhathi.

1.15 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaHlengiwe no Lungile mayelana nendlela abaziphatha ngayo.

1.16 Bhala indikimba yale ndaba emfushane. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu **AMABILI**

1.17 Uthini umbono wakho ngendlela uLungile axosha ngayo isoka lakhe uNtobeko ngenkathi lizombona.Sekela umbono wakho ngephuzu ELILODWA.

1.18 Ngabe umbhali uyilandelile imigomo yokubhala isingeniso kule ndaba emfushane. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU.

Downloaded from Stanmorephysics.com


| IZIMPENDULO EZILINDELEKILE | |
|---|---|
| 1.1 Ngu Lungile✓ | |
| 1.2 Inkondlo yakhe yayimnandi wonke umuntu wayethathekile.✓ | (1) |
| 1.3 Ukuthi kanti uyimbongi, nokuthi kanti unaso isibindi sokuma phambi kwabantu✓ | (1) |
| 1.4 Lo mcimbi wanamuhla usizile ngokuthi kumbululeke amakhono amaningi abengaziwa nezimbongi eziningi ebezicashe nomsebenzi ohlabahlosile.✓✓ | |
| 1.5 Wayevaleka izindlebe, Wayeshaywa uvalo.✓✓ | (1) |
| 1.6 Wabingelela uNdumiso ngamahloni kuHlengiwe noLungile. Wase ecela uxolo kuLungile.✓✓ | |
| 1.7 C, Ukumangala.✓✓ | (2) |
| 1.8 UNdumiso ufunda inkondlo uLungile akasayizwa ngoba uzicabangela uthando analo ngoNdumiso.✓✓ | (2) |
| 1.9 .1 D✓ | |
| 1.9.2 C✓ | (2) |
| 1.9.3 A✓ | (2) |
| 1.9.4 B✓ | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | |
|---|---|
| 1.10 Isiphetho siyangwijikhwebu besingalindele ukuthi uNdumiso uthanda/ ufuna ukushela uHlengiwe hhayi uLungile.✓✓ | |
| 1.11 Umangazwa ukuthi ngenkathi bephuma ehholo umbizile uLungile wamcela uxolo manje usefuna ukumvakashela endlini.✓ | |
| 1.12 ULungile , ubhekene nenkinga yokuthanda uNdumiso kodwa uNdumiso uthanda uHlengiwe.✓✓ | |
| 1.13 Uyindilinga ngoba akaguquki ube lokhu eseka umngani wakhe futhi uyamjabulela.✓✓ | |
| **1.14.1 Indawo** | (4) |
| Eyasemadolobheni, Enyuvesi ✓ | |
| | (2) |
| **1.14.2 Isikhathi** | |
| Isikhathi samanje abantu abamnyama sebeya emaNyuvesi ngobuningi.le ndeba iyizinsuku ezimbili.✓ | |
| | (1) |
| 1.14 ULungile ungumlingiswa ongakwazi ukuzibamba uma ethanda umuntu. | |
| Ungumuntu ophaphile / ongenamfihlo.✓ | (2) |
| uHlengiwe ungumlingiswa ophansi | |
| Ongakwazi ukuveza imizwa yakhe/ Ungumlingiswa onamahloni✓ | |
| | (2) |
| 1.15 Uthando | |
| UNdumiso uthanda uHlengiwe✓ | |
| ULungile uthanda uNdumiso✓ | |
| 1.16 Akwamukelekile. Kwakumele emutshele/ emazise kahle uma engasamthandi.✓✓ | |
| 1.17 Uyilandelile | |
| Usethulele umlingiswa osemqoka uLungile✓ | (2) |
| Inkinga abhekene nayo yokuthanda uNdumiso kanti yena akamthandi | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


***IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU*– NAKANJANI G.SIBIYA (Umhleli)**

**UMBUZO 1**

**1.1 'INDANDATHO' – Nakanjani Sibiya**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

> " Nali elami lokugcina ngalolu daba lwakho. Kulukhuni ngane yami ukuphinda uthole umuntu ozokuthanda akuthokozise ngale ndlela oluchaza ngayo uthando lwalo mfokazi nentokozo akunikeza yona. Awukwazi ukuvumela into engakhulumi njengendandatho ihliphize intokozo nokuthandwa onakho."
>
> Cha, ngisenkingeni ngempela. Indoda engangiphupha ngayo yonke le minyaka, yona kanye le esanda kungicela ukuba ngiyishade, yona kanye le engenze ngaba umuntu wesifazane othokoze ukubedlula bonke emhlabeni iminyaka yonke sithandana, yona kanye le ebiguqe ngedolo kuthangi icela ukuba ngiyishade namuhla isingitshela insambatheka.
>
> "Indandatho yomshado wena uzongifaka yona kulesi sandla sokudla ngoba angizuyikhipha lena engayifakwa unkosikazi wami esandleni sami sobunxele." Akazimisele nje ukuyikhipha le ndandatho kankosikazi wakhe wokuqala. Siyaqala ukungaboni ngaso linye kuze kushube kube nje. Ezikhathini eziningi uba nozwelo ngento engihlukumezayo.

1.1.1 Ubani othandana noLondiwe? (1)

1.1.2 ULondiwe watholana nesithandwa sakhe eseneminyaka emingaki? (1)

1.13 Iyiphi le nkinga ebhekene noLondiwe? (2)

1.1.4 Kungabe umbhali wale ndaba uphumelele ukugcina umgomo wenani labalingiswa? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.5 Ake uchaze lesi simo sokukhuluma: **ukunqamuka kwegoda**.

1.1.6 Khetha impendulo eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

Ukukhinindelana kusho; (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


A. Ukuxoxelana
B. Ukukhulunisana
C. Ukunikana okuthile
D. Ukwenza okubi

1.1.7 Ake uchaze le ndoda eyathandana noLondiwe ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.1.8 Kunephupho elaphushwa isinqandamathe sikaLondiwe amasonto aze aba mahlanu ngabe yayiphuphani futhi labe liqonde ukuthini lelo phupho? (4)

1.1.9 Ngabe ungabuthakasela ubudlelwane nomumtu owashonelwa umkakhe noma inkosikazi eyashonelwa indoda? Sekela impendulo yakho. (3)

**/18/**

**IZIMPENDULO**

1.1.1 UNjabulo (1)

1.1.2 Wayeneminyaka engama-35 (1)

1.1.3 Isithandwa sakhe simcele ukumshada kodwa siyenqaba ukukhipha indandatho esayifakwa ngunkosikazi wayo owashona. (2)

1.1.4 Yebo uphumelele ngoba inani labalingiswa aleqanga kwabayisihlanu. (2)

1.1.5 Lokhu kusho ukuhlukana kwabebethandana noma abebesondelene. (2)

1.1.6 A/ Ukuxoxelana (1)

1.1.7 Le ndoda yabe ibukeka futhi ithandeka.
Le ndoda iyazithanda lokhu kubonakala ngendlela eyabe izilungisa ngayo. (2)

1.1.8 Indoda yabe iphupha idlelo eliluhlaza lidla izinkomo ezimbalabala neyodwa emhlophe edla yodwa.
Lokhu kwakuchaza abantu abadla erestorenti bese kuthi inkomo emhlophe kunguLondiwe ngokuqonda kwendoda. (4)

1.1.9 **Ngingakuthakasela** ngoba naye usuke emdinga umuntu ozomthanda.
**Angimthakaseli** ngoba kwesinye isikhathi uhlangabezana nezinkinga ungakutholi ukuphumula. (3)

**UMSEBENZI-13**

Downloaded from Stanmorephysics.com


# IPHEPHA-3

## UMSEBENZI-17

## GRADE 11

| INCWADI YAKOMKHULU/YOMBUSO | |
|---|---|
| Le ncwadi ibhalwa ngezinhloso ezahlukene, okungaba ukucela umsebenzi , ukucela isikhala esikoleni, eya kwabezindaba noma ukukhononda.<br><br>**Incwadi yomsebenzi inalezi zingxenye :**<br><br>**Ikheli lobhalayo**<br><br>Ikheli lombhali libhalwa kwesokudla lihambe nosuku olubhalwe ngokugcwele. Makubhalwe usuku okubhalwe ngalo incwadi.<br><br>**Ikheli lesibili elobhalelwayo**<br><br>Libhalwa esandleni sokunxele, liqala ngesikhundla salo obhalelwayo.<br><br>**Isibingelelo**<br><br>Asikhombise ukuhlonipha kulowo ombingelelayo, kubhalwe ngokugcwele isib Mnumzane/ Nkosazane . Uma ungamazi lowo ombhalelayo ufaka ubulili obubili esibingelelweni kodwa uma umazi ubulili bakhe noma utsheliwe emyalelweni bhala obubodwa.<br><br>**Isihloko**<br><br>Sisiza ukuba lowo othole incwadi asheshe ebone ukuthi imayelana nani/sichaza kafushane ngozokhuluma ngakho endabeni . Zimbili izindlela zokusibhala. Ungasibhala sibe osonhlamvukazi bese ungasidwebeli noma ungasibhala igama negama liqale ngosonhlamvukazi bese uyasidwebela .<br><br>**Esingenisweni**<br><br>Akuvele inhloso yokubhalwa kwencwadi.<br><br>**Umzimba**<br><br>Lena iyona ngqikithi yencwadi. Lana uchaza kabanzi ngalokhu ozokhuluma ngakho encwadini. Mayibe nezigaba ezi-2 kuya kwezi-3. | |

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Isivaleliso**

Valelisa isib. ngokuveza ukuthi ungajabula uma isicelo sakho singaphumelela.

**Isiphetho**

Phetha ngokuzithoba , ngezansi ubhale igama nesibongo nobulili bakho. Igama lakho maliqale ngonkamisa u- omncane. Yimina Ozithobayo

uBandile Mhlengi Sibisi (Mnu)

**Umsebenzi**

**Incwadi yombuso**

Kuphume isikhangisi ephephandabeni IZIYABUYA somsebenzi wokupakisha izimpahla esitolo ngamaholide . Enkampanini yakwa Take n Pay engo : 544 Gama Avenue, Old Bhekuzulu Location, Vryheid, 3100.

Bhala incwadi ucele isikhala somsebenzi.

Bhala kube ngamagama angama-**80** kuya kwayi-**100**

Downloaded from Stanmorephysics.com


544 Gama Avenue

Old Bhekuzulu Location

Vryheid

3100

Mnumzane / Nkosazane

Incwadi Yesicelo Somsebenzi Wokupakisha Esitolo.

Ngibhala le ncwadi ngenhloso yokucela isikhala somsebenzi wokupakisha izimpahla esitolo ngamaHolide kaKhisimuzi.Lesi sikhangisi ngisibone ePhephandabeni iZiyabuya langomhla zizi-4 kuNdasa 2025.

Ngingowesifazane onenimnyaka eyi-18. Ofunda esikoleni iSakhisizwe High School. Izifundo engizifundayo Izibalo,Ezomnotho,Ezamabhizinisi kanye neZilimi ezimbili okuyiSingisi nesiZulu.

Ngingumuntu ozimiselayo futhi oqikelelayo umsebenzi awunikiwe. Ngike ngasebenza eNkampanini iMarcias Trading and Project ngipakisha ngagcina sengisebenza ngokushaya umshini wemali.Ngawenza lo msebenzi ngokuthembeka nangenkulu inhlonipho.

Ngingajabula uma ngingathola leli thuba eliyingqayizivele.

Yimina Ozithobayo

uMphile Ntombizodwa Sibisi(Nksz)

**Incwadi yobungani.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


Incwadi yobungani incwadi ekhululekile. Lolu hlobo lwencwadi lubhalelwa abantu abayizihlobo zakho,abangani,ontanga ojwayelene nabo noma ubani onobudlelwane naye. Ibhalwa ngenhloso yokwazisa umuntu enezana naye ngezinto ezithile okungaba **ukujabulelana,ukuzwelana** noma **ukuncoma** okwenzekile.

**Ikheli**

- Iba nekheli elilodwa lalowo obhalayo.
- Ikheli lobhalayo malihambisane nosuku okubhalwa ngalo incwadi,usuku malubhalwe ngokugcwele . Igama lenyanga libhalwe ngesiZulu noma ngesiNgisi esisasiZulu, isib 07 Ndasa 2025/ 07 Mashi 2025.
- Akufanele kusetshenziswe izimpawu zokuloba ekhelini.

**Isibingelelo**

- Isibingelelo asiveze ubuhlobo, isib Mama/ Baba / Malume /Mngani.
- Ungambiza ngegama isib , Thobile, Mphile.
- Ungamthopha ngesithakazelo, isib Mahlase, Ngcolosi, Mashobane.
- Le ncwadi **inesingeniso, umzimba** kanye **nesiphetho**.
- **Isingeniso** siba sifushane sikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwababhalelanayo nokuthi bagcinana nini.
- **Umzimba**: umayelana nengqikithi, kumele ube nezigaba/ amapharagrafu ama-2 kuya kwama-3.
- Uchaza kabanzi ngezizathu zokubhala incwadi
- **Isiphetho** siba sifushane, Siveza umbhali angafisa kwenzeke/ kweziwe ambhalelayo ngokufingqiwe.
- **Isivaleliso** naso siba sifushane, siveze ukuthi obhala incwadi uhlobene kanjani nobhalelwayo kulandele igama lobhalayo ngezansi liqale ngonkamisa u- omncane.
- Akudingeki ukuba ubhale isibongo sakho noma usayine uma ubhala loluhlobo lwencwadi. Isib Yimina Indodakazi Yakho

uPhilile.

Downloaded from Stanmorephysics.com


**Umsebenzi**

**Incwadi yobungani**

Ufisa ukushintsha isikole ngenxa yezingqinamba obhekene nazo kulesi ofunda kuso.

Bhalela uMalume wakho umcele indawo yokuhlala ukuze kube seduze nesikole esisha.

Bhala kube ngamagama angama-**80** kuya kwayi-**100** **(30)**

**Amalungiselelo**

1. Ikheli elilodwa elihambisana nosuku.
2. Isibingelelo
3. Isingeniso
4. Umzimba(ngqikithi) isigaba soku-1
   Isigaba sesi-2
5. Isiphetho
6. Isivaleliso

P O BOX 269

VRYHEID

3100

07 Ndasa 2025/

07 Mashi 2025

Malume

Ngiyethemba usaphila selokhu sagcinana ngamaHolide kaKhisimusi. Kwakumnandi kakhulu ngangifisa ukungasahambi ngihlale nani impilo yami yonke.

Mashobane njengoba wazi ukuthi kulo nyaka ngifunda ibanga le shumi esikoleni eFilidi. Kuqala unyaka zonke izinto bezihamba kahle. Sinothisha bethu abaphelele. Abebewuthanda umsebenzi wabo futhi abebenothando lwethu njengabafundi,

Downloaded from Stanmorephysics.com 

noThishomkhulu wethu ebekeqikelela ukuphepha kwethu kulesi sikole.

Inkinga iqale kule nyanga ngemuva kokushiya kukaThishanhloko.Kwasala kwaba kwampunzi edla emini. Izingane zasebenzisa izidakamizwa zalahlekelwa inhlinopho koThisha nathi singabafundi imbala. Laba bafundi bayasihlukumeza kakhulu basiphuca yonke into bayoyidayisa ukuze bathole lezi zidakamizwa. Asisakwazi nokusebenzisa izindlu zangasese ngoba sekungezabo. Uma ungena kuzo sekumele ukhokhe. Emakilasi akusafundeki baphazamisa othisha.Sesize asisenabo othisha bezinye izifundo bebalakiswa ilesi simo.Ngiyacela Malume ukuzohlala nawe ukuze ngikwazi ukuqhubeka ngifunde kuleso sikole esiseduze nakwakho.

Ngingajabula kakhulu uma ungangisiza

Yimina Umshana Wakho

uNosizo

**IMEYILI**

**Isakhiwo se Imeyili :**

- Ikheli le imeyili lomuntu othumela I imeyili (umugqa wokuqala)
- Khumbula ukuthayipha ikheli le-imeyili lomamukeli. Ngokuvamile kuzoqala ngegama lomuntu noma isibongo kulandele u@, kulandelwe inkampani yakhe noma umnikezeli wesevisi ye – imeyili, u-CO, bese kuba nekhodi yezwe.

  iNingizimu Afrika isebenzisa elithi "ZA"

  Isib.sannabul@gmail.co.za
- Uma ungathanda ukuthumela i-imeyili efanayo kubantu abangaphezu koyedwa, ungathumela ikhophi yeKhayekhabhoni(Cc) ngokwengeza amakheli abo e-imeyili ebhokisini le Cc. Ukusebenzisa ucc kusho ukuthi uthumelaa i-imeyili kwabanye abantu ngaphezu komamukeli oyinhloko. Abantu abasensimini ka-cc nabamukeli bokuqala bangabonana.
- Uma uchofoza ibhokisi elithi Cc, kuzovela ikhophi ye Blind carbon(Bcc). Inkundla ye -Bcc ikuvumela ukuthi ucacise abantu abazothola umyalezo ngasese. Abantu anmagama abo asensimini yeBcc abakwazi ukubonwa abanye abemukeli.
- Ibhokisi lesihloko livumela ukuthi ufake isifinyezo somugqa owodwa wokuqukethwe i-imeyili yakho. Isebenza njengesihloko noma isihloko

Downloaded from Stanmorephysics.com


sokuqukethwe kwakho.

- Kufanele uhlale uthayipha igama lakho ekupheleni kwe- Imeyili. Abanye abantu bafaka amagama abo omsebenzi kanye nezinombolo zocingo ngaphansi kwamagama abo.
- Abafundi kumele bafundiswe ukuzakhela amakheli abo ama e-meyili namaphasiwedi.

**Umsebenzi**

**I-imeyili**

Uthole i-imeyili ekwazisa ngomsebenzi owutholile evela enkampanini yakwa - Boardmans attorneys.

Bhala i-imeyili uyibhekise kuMphathi wakhona ubonge ngokukuqasha ube ngomunye wabasebenzi babo.

Bhala ngamagama angama-**60** kuya kwangama-**80** **(20)**

AMALUNGISELELO

Umuntu eya kuye

Umuntu evela kuye

Isihloko

Isibingelelo

Isingeniso

Umzimba

Isiphetho

Isivaleliso

I-IMEYILI

Iya ku: nellyboardmans@gmail.com

Ivela ku:sibisimn@gmail.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


Isihloko : Ukubonga Mayelana Nethuba Lomsebenzi.

Nkosikazi

Ngibhala le imeyili ngoba ngidlulisa ukubonga mayelana nethuba eninginike lona lokuthi ngibe ngomunye wabasenzi kule nkampani enkulu.

Ukuthola lo msebenzi kuzoba wusizo kakhulu empilweni yami ngoba besengihlale iminyaka emibili ngingasebenzi ngemuva kokuphothula izifundo zami eNyuvesi yakwaZulu.Esikhathini esidlule ngike ngabamba amatohho ezinkampanini ezahlukene kodwa bekungewona lo msebenzi engawufundela.

Ukuthola lo msebenzi engiwufundele sekuzongenza ngiqhubeke ngifeze amaphupho ami. Iphupho elokuba uMmeli ozimele.ukusebenza ngaphansi kwenu kuzongisiza ngifunde izinto eziningi mayelana nokuba uMmeli. Sengizokwazi nokuqhubeka ngifundele iMastazi ngoba ibifunda ngithole kuqala indawo la engizosebenza khona ngithole isipiliyoni sokuthethwa kwamacala .

Ngiyathokoza kakhulu ngaleli thuba Mphathi nkampani.

Yimina ozithobayo

uNzuzo Mthabela